

INDLELA ONGAQINISEKISWA

NGAYO UKUZE WENZE ISICELO

SESINXEPHEZELO SESIFO SE-SILICOSIS NOMA I-TB

Uma unesifo se-silicosis noma iTB, kanti futhi usebenza emayini, kungenzeka unelungelo lokwenza isicelo sesinxephezelo. Le dokhumende noma incwajana ichaza okumele ukwenze ukuze uthole ulwazi ngokuthi ngabe unesifo se-silicosis noma i-TB kanye nendlela yokwenza isicelo sesinxephezelo uma ufanele ukusithola.



Ungenza isicelo sesinxephezelo kuphela uma kuqinisekiswa ukuthi unesifo samaphaphu osithole emsebenzini.

Kule dokhumende, sichaza izinyathelo ezine ezilandelayo:



Qaphela amado-khumende. Akekho umuntu okumele akukhokhise ukuthola amafomu noma ukukusiza. Funda eminye imininingwane ekhasini lika 6

ISINYATHELO 1

Thola ulwazi ngokuthi ngabe unesifo samaphaphu esitholakala emsebenzini

Okokuqala okumele ukwenze, ukuthi uma usola ukuthi wena noma omunye umuntu unesifo samaphaphu kanti futhi usebenza noma wawusebenza ezimayini, kumele kwenziwe uhlobo ngodokotela.

Lolu hlobo lwesipesheli lubizwa ngokuthi yi-“Benefit Medical Examination” (BME), okumele lwenziwe ngomunye walaba abalandelayo:

Isibhedlela noma iklini emayini lapho osebenze noma owawusebenza khona

Abe-Medical Bureau for Occupational Diseases (MBOD)

Izikhungo lapho okutholakala khona amasevisi ezinsiza endaweni eyodwa, ezaziwa ngokuthi ama One-stop service centres



Isibhedlela kanye nodokotela abanekontileka nezimayini



Uma uye e-BME, qinisekisa ukuthi uhamba nekhophi ye-ID yakho, kanye namanye amadokhumende anemininingwane yamarekhodi okusebenza kwakho ezimayini (umlando wokusebenza kwakho). Kanti futhi khumbula ukuthi bonke abasebenzi bezimayini, kanye nomuntu owake wasebenza ezimayini, unelungelo lokuhlololwa izifo zasemisebenzini njalo eminyakeni emibili ngaphandle kokukhokha (uma uye esikhungweni esinelungelo elibekwe ngabezimayini, isibhedlela noma odokotela).

Kumele uqinisekise ukuthi uhamba nala madokhumende alandelayo lapho uyohlolwa:

- Ikhophi kaMazisi wakho ye-ID
- Irekhodi lakho lokusebenza
- Irekhodi lokusebenza kungaba yinoma yiyiphi yezinye yezinto ezilandelayo (kudingeka eyodwa kuphela)
 - Irekhodi lesevisi lakwaTEBA, elinesitembu esisayinwe yisikhulu sakwa-TEBA - olithole ehhovisi lakwa-TEBA; noma
 - Isitifikedi sokusebenza, esifakelwe isitembu umqashi wakho; noma
 - Amadokhumende asemthethweni abuya kumqashi wakho, anemininingwane yokusebenza kwakho – isikhathi osisebenzile, usuku lokuqala ukusebenza nosuku owayeka ngalo kanye nezikhundla owawukuzo ngesikhathi usebenza.
- Noma yiwapho amarekhodi kadokotela noma okwelashwa – ikhadi lasekliniki, ama- x-ray owake wawenza, uma yiyiphi incwadi ebuya esibhedlela noma uke wagula noma walimala.



➔ ISINYATHELO 2 SICHAZWA EKHASINI ELILANDELAYO

ISINYATHELO 2

Fakela onke amadokhumende ukuze aqinisekiswa

Uma sekwenziwe uhlobo lwe-BME, abantu abalwenzile, bazothumela ulwazi olulandelayo kanye namadokhumende kwikomidi yeziqinisekiso:

Isicelo esigcwalisiwe se-BME*	Ikhophi ye-ID	Umlando wokusebenza kwakho	Umlando wokwelashwa kwakho	Ama-X-ray esifuba
Uhlobo lokusebenza kwamaphaphu akho	Imiphumela yohlobo lwesikhwehla**	Umbiko womlandu wohlobo olwenziwa ngemishini ukubona amagciwane amancane angabonakali ngamehlo (histology or microscopy report)***		

* lokhu kuzokwenziwa abasebenzi lapho uyokwenza uhlobo

** uma besola ukuthi une-TB

*** uma besola ukuthi unekhensa noma umdlavuza wamaphaphu

Ikomidi lesiqinisekiso linodokotela abafanele abemukelwe nguNgqongqoshe wezeMpilo, kanti futhi babheka yonke iminingwane ukuze bakwazi ukwenza isinqumo ngokuthi ngabe umuntu unesifo sasemsebenzini okumele ukuthi athole isinxephezelo ngaso.

Uma ikomidi selibhekene nesicelo sakho, kanye nomphumela wohlobo, lizothumela imiphumela esibhedlela noma kudokotela okuhlolile. Udokotela uzokucela ukuthi ubuye esibhedlela ukuze kubekhona ozokuchazela isinqumo.



Uma kutholakala ubufakazi bokuthi ukwisigaba 1 noma isigaba 2 sesifo se-Silicosis, ungaqala inqubo yokwenza isicelo sesinxephezelo. Udokotela noma onesi bazokusiza ngalokho. Thola olunye ulwazi olubanzi ngenqubo yezinxephezelo ku: www.oldcollab.co.za/ nokuthi ungenza kanjani isicelo noma ushayele abe-MBOD kule nombolo 011 403 6322



IZINYATHELO 3 NO 4 ZICHAZWA EKHASINI ELILANDELAYO



Lapho usuqinisekisiwe njengofanele ukwenza isicelo, nansi inqubo okumele uyilandele ukuze wenze isicelo sesinxephezelo:

ISINYATHELO 3

Uma wenza isicelo sesinxephezelo ngokwakho



- Thola onke amafomu owadingayo – ungawakhipha lapha kule website ethi: www.oldcollab.co.za/how-to-claim noma uwathole kwabe-HR/ekliniki yasemayini, noma abe-MBOD, abakwa-TEBA noma esikhungweni lapho okutholakala khona konke.
- Qinisekisa ukuthi unefomu elifanele le-**GW24/80** form – kukhona ifomu le-Silicosis kanye nelinye le-TB.
- Gcwalisa yonke imininingwane kumafomu e-**GW24/80** kanye ne**GW24/17** (kodwa ungawasayini). Hambisa lamafomu, i-ID yakho kanye nekhophi ye-ID esiteshini samaphoyisa esiseduzane. Amaphoyisa kumele bafakele isitembu sesiqinisekiso kwikhophi ye-ID yakho kanye nokusayina ifomu le-**GW24/80** Kumele bagxivize iminwe yakho kwifomu le-**GW24/17** kanye nokufakela isitembu nokusayina futhi.
- Hamba uye ebhanga, nefomu elisayiniwe le-**V47**, ucele abasebhanga ukulifakela isitembu nokulisayina. Kanti futhi thola nesitatimende se-akhawunti yebhanga lakho, nakho kufakelwe isitembu sasebhanga kanye nokusayinwa khona ebhanga. Fakela isitatimende kwifomu le-**V47**.
- Thola irekhodi lokusebenza kanye nesiLiphi somHolo.
 - Irekhodi lokusebenza kungaba yinoma yiyiphi yezinye yezinto ezilandelayo (kudingeka eyodwa kuphela) –
 - Irekhopdi lesevisi lakwaTEBA, elinesitembu nelisayinwe yisikhulu sakwa-TEBA – olithole ehhovisi lakwa-TEBA; noma
 - Isitifikedi sokusebenza, esifakelwe isitembu umqashi wakho; noma
 - Amadokhumende asemthethweni abuya kumqashi wakho, anemininingwane yokusebenza kwakho – isikhathi osisebenzile, usuku lokuqala ukusebenza nosuku owayeka ngalo kanye nezikhundla owawukuzo ngesikhathi usebenza.
 - Isiliphi somholo
 - Uma utholakale une-TB, imayini kumele ibale ukulahlekelwa kwakho ngumhlobo isikhathi esilingana izinyanga ezingu 6, ngemuva kokuba utholakale une-TB, lokhu kusekhasini 2 lefomu le-**GW24/80**.
- Uma usunalo lonke lolu lwazi, ungafakela isicelo.

ISINYATHELO 4

Ngabe sifakelwa kuphi isicelo

Posela kuleli kheli: P.O Box 4584, Johannesburg, 2000

Ifekisi ithunyelwa ku: 011 403 1346

Isicelo singahanjiswa ekhelini elithi: 144 De Korte Street, Braamfontein, 2000



ISINXEPHEZELO SOMSEBENZI WASEMAYINI OSHONILE, KUCHAZWA NGASO EKHASINI ELILANDELAYO

UMUNTU OSHONILE?

Ixinxephezelo sesifo samaphaphu kumuntu oshonile owayesebenza emayini



Udinga lolu lwazi uma ufuna ukuthola ngenqubo yesinxephezelo kumsebenzi wasemayini owashona (kanti futhi eshona engasenzanga isicelo lapho esaphila).



UKUTHOLA OLUNYE ULWAZI UNGASHAYELA:

kwabe-Pathology **011 712 6519**
 Division yabe-NIOH **011 712 6444**
 the MBOD **011 403 6322**

INQUBO YOKUHLOLWA KWESIDUMBU SOSHONILE NOKUHLOLWA

Ngaphambi kokuba kwenziwe isicelo sesinxephezelo, amaphaphu omuntu oshonile kumele akhishwe lapho kuhlolwa isidumbu kanti futhi athunyelwe eJohannesburg (eGoli) ukuze ayohlolwa.

Lokhu kumele kwenzekwe masishane lapho umuntu esanda kushona. Amaphaphu angakhishwa ngemuva kokutholakala kwemvume ebhaliwe yomndeni womuntu oshonile – kanti uhlolo olwenziwa eGoli ngeke lwenziwe lapho uma kungagcwaliswa ifomu lemvume yomndeni.

Amaphaphu kumele akhishwe ngaphambi kokuba umuntu angcwatshwe – celani esibhedlela, kudokotela, ekliniki noma ku-undertaker ukunisiza. Amaphaphu azogcinwa esikhongozelweni sesipesheli...

Amadokhumende alandelayo kumele athunyelwe namaphaphu lapho eya eGoli –

- Ifomu lemvume
- Ikhophi kaMazisi yomuntu oshonile
- Irekhodi lokusebenza lomuntu oshonile okungaba yinoma yiyiphi yezinye yezinto ezilandelayo (kudingeka eyodwa kuphela) –
 - Irekhodi lesevisi lakwaTEBA, elinesitembu esisayinwe yisikhulu sakwa-TEBA – elitholwe ehhovisi lakwa-TEBA; noma
 - Isitifikedi sokusebenza, esifakelwe isitembu umqashi; noma
 - Amadokhumende asemthethweni abuya kumqashi, anemininingwane yokusebenza – isikhathi esisetshenziwe, usuku lokuqala ukusebenza nosuku lokuyeka ngalo kanye nezikhundla emsebenzini ngesikhathi sokusebenza.
- Noma yiwaphi amarekhodi kadokotela noma okwelashwa – ikhadi lasekliniki, ama- x-ray ake enziwe umuntu esaphila, noma yiyiphi incwadi ebuya esibhedlela noma uma umuntu ake wagula noma walimala.

Isikhathi lapho kungadingekile ukuthi kukhiswe amaphaphu omuntu oshonile, kulapho umuntu oshonile ebese eqinisekisekwe khona vele ukuthi unesifo samaphaphu asithole emsebenzini ngaphambi kokuba ashone. KUMELE kube nesitifikedi esifakazela lokhu, uma singekho, isicelo ngeke savunyelwa.


YINI OKULANDELAYO OKUZOKWENZEKA

Lapho amaphaphu namadokhumende efika eGoli, amaphaphu azohlolwa ngodokotela base-National Institute for Occupational Health (NIOH), ukubona uma kunezimpawu zesifo samaphaphu sasemsebenzini. Odokotela bazobhala umbiko bawubhalele abekomidi leziqinisekiso labe-MBOD certification committee.

Ikomidi lizobe selibheka umbiko kanye namanye amadokhumende kanye nokuthatha isinqumo ngokuthi ngabe umuntu oshonile ubenesifo samaphaphu sasemsebenzini, nokuthi ngabe ubezokufanela yini ukuthi athole isinxephezelo. Uma ebekufanele ukuthola isinxephezelo, bazokhipha isitifikedi ebese besithumela kwabe-MBOD/CCOD ukuze babhekane naso, kanti futhi bazokwazisa umndeni ngomphumela.

Uma umuntu oshonile ebekufanele ukuthola isinxephezelo, kuzodingeka ukuthi niithumele ulwazi olulandelayo kwabe-MBOD, ukuze babhekane nenqubo yesinxephezelo:

- Ikhophi yesitifikedi sokushona komuntu.
- Incwadi yesigunyaziso esibuya eNkantolo kaMantshi, esiqinisekisa ukuthi uyindlalifa yomuntu oshonile.
- Uma ubushadile nomuntu oshonile, kuzodingeka nekhophi yesitifikedi somshado.
- Kanti futhi undlalifa nondlalifa, kumele agcwalise ifomu le-V47, ebese liyofakelwa isitembu nokusayinwa eBhangi. Kanti futhi kumele kutholakale nesitatimende sebhangi esisayiniwe nokufakelwa isitembu saseBhangi. Isitatimende kufanele sihambisane nefomu le-V47.
- Gcwalisa yonke imininingwane kumafomu e-GW24/80 kanye neGW24/17 (kodwa angasayinwa). Hambisa lamafomu, i-ID yakho kanye nekhophi ye-ID esiteshini samaphoyisa esiseduzane. Amaphoyisa kumele bafakele isitembu sesiqinisekiso kwikhophi ye-ID yakho kanye nokusayina ifomu le-GW24/80. Kumele bagxivize iminwe yakho kwifomu le-GW24/17 kanye nokufakela isitembu nokusayina futhi.
- Manje isicelo sesingafakelwa.

 QAPHELA IZEXWAYISO EZICHAZWA EKHASINI ELILANDELAYO

ISIXWAYISO!

Qaphela.
Akekho umuntu
okumele
akukhokhise
ukuthola
amafomu noma
ukukusiza.



1

Khumbula ukuthi onke amafomu owadingayo atholakala mahhala – akekho umuntu ongakutshela ukuthi uwakhokhele.

Uma ungakwazi ukuwakhapha kwi-website yekhomphutha, ungawathola lapha:

- kwabe-HR noma ekliniki lasemayini
- kwabe-MBOD eJohannesburg
- Ezikhungweni lapho okutholakala khona zonke izinto

2

Asikho isidingo sokukhokha ukuthi amadokhumende akho aqinisekiswe kanye nokugxivizwa kweminwe ngamaphoyisa noma ukuthi amadokhumende akho afakelwe isitembu sebhengi.

3

Akukho okukhokhwayo lapho wenza isicelo sesinxephezelo.

Kanti futhi asikho isidingo sokukhokhela uhlolo ngodokotela esibhedlela sikahulumeni noma ekliniki, noma kudokotela wangasese, uma lowo dokotela engaphansi kwesivumelwano nohulumeni ukuhlinzeka abasebenzi basezimayini ngohlolo lwamahhala njalo eminyakeni emibili. Uma wenziwa uhlolo ngaphezu kwezihlandla zeminyaka emibili, ngakhoke, kuzomele ukhokhele uhlolo olungaphezulu kolubili.

UBANI ONGASIZA ?

1

ABE-MBOD: 011 403 6322

2

Abe-HR noma ekliniki yemayini yakho

3

Abezikhungo ze-One Stop Centres:

- eCarltonville
- eMthatha
- eKuruman